# Konke odinga ukukwazi ngamatele

AMATELE adalwa yigciwane elitholakala esilwane asabalala ngamathe, umchamo, ubulongwe nomoya okhafulwa isilwane uma sithimula. Izilwane eziphethwe yilesi sifo ziba nezilonda ezinselweni nasemlonyeni.

Izilwane zitheleleka uma zidla emadlelweni noma zihogela umoya lapho sekuvele kukhona leli gciwane.

Ngaphezu kwalokho abantu bayasibhebhezela isifo ngezimpahla zokugqoka njengezicathulo, izandla namasondo ezimoto.

Lesi sifo sibheduke ezinkomeni, ezingulubeni nezimpala eNingizimu Afrika kodwa zonke izilwane ezinezinselo zingaphathwa yilesi sifo.

**NAZI IZIMPAWU:**

- Amashashazi asemlonyeni avama ukuba namanzi. Uma eseqhumile aba yizilonda.
- Imvamisa ziba buhlungu lezi zilonda kube nzima nokuthi zidle izilwane , kuholele ekutheni zonede emzimbeni.
- Ngenxa yamashashazi izilwane zivamise ukuvuza amathe noma zinhlinhlize.
- Amashashazi ayaqhuma bese kuphihlika izilonda ezinselweni, kube nzima esilwaneni ukusebenzisa uhlangothi olunezilonda. Ngezinye izinkathi izinselo ziyawohloka noma zibole.
- Ezingulubeni kuqubuka izilonda emakhaleni nasemadolweni.
- Izinkomo zobisi zihlaselwa yizilonda emibeleni, okuholela ekuncipheni komkhiqizo wobisi.









**ABHEBHETHEKA KANJANI AMATELE?**

Ukuthuthwa kwezilwane eziphethwe yilesi sifo nemikhiqizo yazo kungaholela ekubhebhethekeni kwaso.

**YINI OKUFANELE UYENZE UMA KUBONAKALA IZIMPAWU?**

Alikho ikhambi lokwelapha amatele. Lesi sifo siqashwe ngeso lokhozi eNingizimu Afrika, uma kwenzeka siqubuka nakhu okufanele ukwenze:

- Bambisana nodokotela wezilwane wangakini, umeluleki wezolimo, nochwepheshe obhekele impilo yezilwane uma ubona izinkomba zamatele ezinkomeni noma ezingulubeni ngoba amatele ayisifo esithinta izwe lonke.
- Ukuthuthwa kwemfuyo nemikhiqizo yezilwane akuvumelekile ngaphandle kwendawo ethintekile singekho isivumelwano.
- Izilwane ezisendaweni enenkinga yamatele zivamise ukuba zibulawe ukuze angagcini esekapakela ngaphandle kwayo, okungabeka engcupheni izindawo ezingakagutshuzelwa ngamatele.
- Akufanele ukuthi izilwane ezisendaweni ethintekile noma ezisondelene nokubheduke amatele kuyona zicanase. Lokho kungaholela ekusabalaleni kwalesi sifo.

**UKUGOMA**

Imfuyo igonywa ngaphansi kwemigomo kahulumeni. Ukugoma kwenziwa ezindaweni ezincane kodwa kuyenzeka kwenziwe ezindaweni ezinkulu uma amatele esedlangile.

Ayikho imfuyo engagonywa ngaphandle kwevunyelwe wuMqondisi-Jikelele we-Veterinary Services.

**AYINGOZI NGANI AMATELE?**

Kunezinhlobo eziyisikhombisa zegciwane elibanga amatele. Lokhu kwenza kube lukhuni ukunqanda lesi sifo ngemijovo. I-Kruger National Park inezinhlobo ezintathu zamatele, enye yalezinhlobo iyimbangela enkulu ekubhebhethekeni kwalesi sifo eMpumalanga.

Ukubhebhetheka kwamatele eMkhambathini kudalwa ngolunye uhlobo lwegciwane olungakaze lutholakale eNingizimu Afrika.

Amatele ayawukhinyabeza umnotho wezwe, amanye amazwe ahwebelana neNingizimu Afrika asekuhoxisile ukuhweba, kuze kuqinisekiswe ukuthi awasekho amatele.

**QAPHELA**

Akuvamisile ukuthi abantu batheleleke ngamatele.

Inyama nemikhiqizo yobisi yezilwane ezinamatele ingadliwa ngabantu kepha ayikulungele ukudliwa imfuyo.

**QAPHELA:**

Amahhashi, izimbongolo nezindlulamithi aziphathwa ngamatele. Izinyathi ziyaba nalesi sifo kepha alizigulisi, lokho okwenza kube lula ukulidlulisela kwezinye izilwane.

**IZIMPAWU:**

Izimpawu azibonakali emasontweni amabili okuqala.

**ABANTU BALIDLULISA KANJANI IGCIWANE LAMATELE?**

- Ngokuvakashela ezinye izindawo ezinezilwane emuva kokuhlangana nezilwane ezinesifo.
- Ngokuthwala izilwane ngemoto eke yathwala imfuyo enesifo.
- Ngotshani namabhele avela endaweni enegciwane.
- Ngemikhiqizo engahluziwe evela ezilwaneni ezinegciwane efana nezikhumba ezimanzi noma ezingashukwanga, inyama eluhlaza, amathambo, ubisi nezimpondo.

**UBUNGOZI BASO:**

- Yize singavamisile ukubulala izilwane esezikhulile kepha isifo sehlisa umkhiqizo wazo.
- Izinga lokufa emankonyaneni liphezulu.
- Isilwane esisindile ngemva kokugula sinethuba elikhulu ukuthi siphinde sigule.

**UMONAKALO EMNOTHWENI WEZWE:**

- Ukuqubuka kwalesi sifo kwenza ukuthi iNingizimu Afrika imiswe ekuhwebelaneni namazwe angaphandle kuze kube nesiqiniseko ukuthi amatele asenqotshiwe.
- Lokhu kusho ukukhinyabeza komnotho nokuhweba ngezilwane nemikhiqizo yazo iNingizimu Afika yonkana.


KWAZULU-NATAL PROVINCE
AGRICULTURE AND RURAL DEVELOPMENT
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

